



NguMongameli uThomas S. Monson

“Angeke Ngakuphoxa, Angeke Ngakushiya”

UBaba wethu waseZulwini . . . uyazi ukuthi siyafunda futhi siyakhula futhi siba namandla amaningi njengoba sibhekana futhi siphila ebunzimeni ekumele sidlule kubona.

Kwijenali yami namuhla ebusuku, ngizobhala, “Lena ibe enye yezinkomfa kawonkewonke engigqugquzelile kakhulu ukwedlula ezinye engiyengazambela. Yonke into ibisezingeni eliphezulu ngokomoya.”

Bafowethu kanye nodadebethu, ezinyangeni eziyisithupha ezidlulileyo njengoba sihlangu ndawonye kwinkomfa kawonkewonke, unkosikazi wami olungileyo, uFrances, wayelele esibhedlela, emuva kokuba evelelwe ukuwa ukwakukubi kakhulu ezinsukwini ezimbalwa ezadlulayo. NgoMeyi, emuva kwamasonto okulwa ngesibindi ukuba anqobe ukulimala kwakhe, wangenenga engunaphakadeni. Ukulahlekelwa kwakhe bekujulile. Mina naye sashada eThempelini laseSalt Lake ngo-Okthoba 7, 1948. Kusasa bekungabe yinkumbuzo yomshado wethu yeminyaka engu-65. Wayeyisithandwa sempilo yami, isifuba sami esithembekileyo, futhi nomngani

wami omkhulu kakhulu. Ukuthi ngiyamukhumbula akuqali nokuveza ukujula kwemizwa yami.

Lenkomfa yenza iminyaka engu-50 selokhu ngabizwa ukuba eNhlangu nweni yamaPostoli Ayishumi nambili nguMongameli uDavid O. McKay. Kuyo yonke leminyaka angikaze ngizwe lutho kepha ukugcwala futhi nokuphelela kokusekelwa umngani wami olungileyo. Miningi iminikelo ayenza ukuze ngikwazi ukufeza ubizo lwami. Angikaze ngizwe igama elinokukhononda eliphuma kuye njengoba esikhathini esiningi kwakudingeka ngichithe izinsuku futhi ngezinye izikhathi amasonto ngikude naye kanye nabantwana bethu. Wayeyingelosi, ngempela.

Ngifisa ukudlulisa ukubonga kwami, kanye nokomndeni wami, ngokuthela okukhulu kothando okufikile kithi selokhu uFrances wadlula emhlabeni. Amakhulu amakhadi nezincwadi athunyelwa ephuma

emhlabeni jikelele edlulisa ukuncoma kuyena nenduduzo emndenini wethu. Sathola izinhlelo zezimbali eziningi. Siyabonga ngeminikelo eminingi eyathunyelwa egameni lakhe esiKhwameni sabaFundisi Bezenkolo Jikelele seBandla. Egameni lalabo abashiyile ngemuva, ngidlulisa ukubonga obujulile ngokuveza kwenu umusa nemizwa yenhliziyiyo.

Okungiduduzo kakhulu ngalesi sikhathi esithambile sokuhlukana kube ubufakazi bami bevangeli likaJesu Kristu nolwazi enginalo lokuthi uFrances wami othandekileyo usaphila namanje. Ngiyazi ukuhlukana kwethu okwesikhashana. Sahlangu niswa endlini kaNkulunkulu ngumuntu onemvumo yokuhlanganisa emhlabeni nasezulwini. Ngiyazi ukuthi sizohlangana futhi ngolunye usuku singaphinde futhi sihlukane. Yilo lolulwazi elingiqinisayo.

Bafowethu kanye nodadebethu, kungashiwo ngokuqinisekisa ukuthi akekho umuntu oke waphila impilo engenakho nhlobo ukuhlupheka nosizi, futhi akukaze kube khona isikhathi emlandweni wabantu esingabanga nesabelo esigcwele sobunzima nokudumala.

Ngesikhathi indlela yempilo ithatha ukujika okunonya, kukhona ukulingeka kokuba ubuze lombuzo “Yingani kube yimina?” Ngezinye izikhathi kubukeka ngathi akukho ukukhanya ekugcineni kwethonela, akukho ukukhanya kwelanga okuzonqoba ubumnyama basebusuku. Sizizwa sizungeziwe ukudumala kwezifiso eziphukile nokudabuka kwamathemba anyamalele. Sihlangana ekushonini ukunxusa okwencwadi

engcwele, “Ibhalisamu alikho kwa-Gileyadi na?”¹ Sizizwa silahliwe, siphukelwe yizinhiliziyiyo, sisodwa. Kuyenzeka ukuba sibuke amashwa ethu ngendlela echezukile yobumbo-nambi. Siba nhliziyomfushane ngesizazululo sezinkinga zethu, sikhohlwe ukuthi kaningi ukulunga okungcwele okuyisineke kuyadingeka.

Ubunzima obuza kithi kusinikeza isivivinyo sangempela sokwazi kwethu ukubekezela. Umbuzo obalulekile usasele ukuba uphendulwe yithi sonke: Ngizohluleka, noma ngizogqeda? Abanye bayahluleka ngesikhathi bezithola bengakwazi ukunyuka ngaphezu kwezinsalelo zabo. Ukuqeda kuhlalane nokubekezela kuze kube sekugcineni kwempilo imbala.

Ngesikhathi sicabanga ngezehlakalo ezingasivelela sonke, singasho njengoJobe owakudala, “Umuntu uzalwa ukuhlupheka.”² UJobe wayengumuntu “ongenasci nolungileyo” owaye “mesaba uNkulunkulu, futhi ebalekela okubi.”³ Elungileyo ekuziphatheni kwakhe, ephumelela ekuzebeni kwakhe, uJobe wayezobhekana nesivivinyo esasingashabalalisa noma ngubani. Ephuciwwe umcebo wakhe, eklolodelwe ngabangani bakhe, edabukiswe ukuhlupheka kwakhe, ebhuciwwe ukulahlekelwa komndeneni wakhe, waphoqeleka ukuba “aqalekise uNkulunkulu, futhi azafe”⁴ Wasiqaba lesi silingo futhi wamemezela kusuka ekujuleni komphefumulo wakhe olungileyo:

“Buka, ufakazi wami usezulwini; futhi irekhodi lami lisekuphakameni.”⁵

“Ngiyazi ukuthi uMmsindisi wami uyaphila”⁶

uJobe wayigcina inkolo. Ngabeni nathi sizokwenza ngokufanayo ngesikhathi sibhekana kanye nalezo zivivinyo ezizobe zingezethu?

Noma inini uma kwenzeka sizizwe sicindizelwe ukuvunguza kwempilo, asikhumbule ukuthi abanye bayihambile leyo ndlela efanayo, babekezile, futhi base banqoba.

Umlando weSonto kulokhu, ukuhlela impatho ngokugcwaliseka

kwezikhathi, ugcwele izipiliyoni zalabo abahluphekile kodwa bahlala babambelela futhi bejabulile. Isizathu? Benze ivangeli likaJesu Kristu inkaba yempilo yabo. Yilokho okuzosidlulisa kunoma yini eza endleleni yethu. Sisazoba nezivivinyo ezinzima, kodwa sizokwazi ukubhekana nazo, ukubhekana nazo nqgo, futhi siphume siqobile.

Kusukela embhedeni wezinhlungu, emcamelweni omanzi yizinyembezi, siphakamisela ezulwini ngesithembiso esingcwele nesithembiso esiligugu: “Angeke ngakuphoxa, angeke ngakushiya”⁷ Induduzo enje ayinantengiso.

Njengoba ngihambe kude futhi kabanzi emhlabeni jikelele ngifeza izidingo zobizo lwami, ngifike ekwazini izinto eziningi—okunye kube ukuthi usizi nokuhlupheka kuvelela wonke umuntu. Angikwazi ukuqala ngilinganise konke ukudabuka nosizi engikubonile ngesikhathi ngivakashela labo ababhekene nenhlupheko, abagulayo, ababhekene nokuhlukanisa, abalwa nendodana noma nendondakazi ephambukile endleleni, noma abahlushwa imiphumela yezono. Uhla lungahamba lungapheli, ngoba ziningi izinkinga ezingasivelela. Ukukhombisa isibonelo esisodwa kunzima, lapho noma inini uma ngicabanga ngezivivinyo, imicabango yami ijikela kuMfo uBrems, omunye wothisha bami baseSikoleni seSonto ngesikhathi ngisengumfana. Wayeyilunga leBandla elithembekile, indoda enehliziyo yegolide. Yena nonkosikazi wakhe, uSadie, babenabantwana abayisishiyagalombili, abanengi babo beniminyaka elingana nalabo ababesemndenini wethu.

Emuva kokuba mina noFrances sishade futhi sithuthe ewodini, sabona uMfo kanye noDade uBrems namalunga omndeneni wabo emishadweni nasemingcwabeni, futhi nasemihlanganweni wamawodi.

Ngo-1986, uMfo u Brems walahlekelwa inkosikazi yakhe, uSadie. Ababili babantwana bakhe nabo

badlula emhlabeni ngokuhamba kweminyaka.

Ngolunye usuku, cishe eminyakeni ewu-13 eyadlula, umzukulu kaMfo uBrems omdala wangishayela ucingo. Wachaza ukuthi umkhulu wakhe wayesefike osukwini lwakhe lokuzalwa lesi-105. Wathi, “Uhlala emgumbini wokunakekelwa omncane kodwa uhlangana nomndeneni wakhe wonke njalo ngeSonto, lapho afundisa khona isifundo sevangeli. Waqhubeka, “KuleliSonto elidlulile, uMkhulu wasitshela ukuthi, “Zithandwa zami, ngizoshona kulelisonto. Ngicela nibize uTommy Monson. Uzokwazi ukuba enzeni.”

Ngavakashela uMfo uBrems ngokuhlwa okulandelayo. Kwakuseyisikhashana ngingamboni. Ngangingakwazi ukukhuluma naye, ngoba wayengesezwa ezindlebeni zakhe. Ngangingakwazi ukumbhalala umlayezo ukuthi awufunde, ngoba wayengasaboni emehlweni. Ngatshelwa ukuthi umndeneni wawukhuluma naye ngokuthatha umunwe wakhe wesandla sokudla bese udweba empameni yesandla sakhe sokunxele igama lomuntu owayemvakashele. Noma yimuphi umlayezo wawumele udluliswe ngalendlela efanayo. Ngalandela indlela yokwenza ngokuthatha umunwe wakhe ngibhale T-O-M-M-Y M-O-N-S-O-N, igama owayehlezi engazi ngalo. Umfo uBrems wavuseleleka futhi, ethatha izandla zami, wazibeka phezu kwekhanda lakhe. Ngangazi ukuthi isifiso sakhe kwakuwukuba athole isibusiso sobupristi. Umshayeli owayengiyise emgumbini wokunakekela wahlangana nami ngesikhathi sibeka izandla zethu phezu kwekhanda likaMfo uBrems futhi samunikeza isibusiso asifisile. Emva kwalokho, izinyembezi zago-bhoza emehlweni akhe angaboni. Wabamba izindla zethu ngokubonga. Noma ayengasizwanga isibusiso esamunika sona, uMoya oNgcwele wawunamandla, futhi ngiyakhohlwa wayegququzelekile ukuba azi ukuthi yithi okwakumele simunikeze

isibusiso ayesidinga. Le ndoda elungileyo beyingasakwazi ukubona. Beyingasakwazi ukuzwa. Wayevalelwe ubusuku nemini ekamelweni elincane emgumbini wokunakekelwa. Kepha ukumoyizela ebusweni bakhe namazwi awakhuluma kwathinta inhliziyo yami. “Ngiyabonga,” washo. “UBaba wami waseZulwini ungiphethe kahle kakhulu.”

Ngeviki, njengoba uMfo u Brems ayebikezelile, wadlula emhlabeni. Akakaze ahlale ezintweni ayeziswela, kungenakho, wayehlezi enokubonga obujulile ngezibusiso zakhe.

UBaba wethu waseZulwini, osinikeza okuningi esingakujabulela, uyazi nokuthi siyafunda futhi siyakhula futhi siba namandla kakhulu ngesikhathi siphila ebunzimeni okumele sidlule kubo. Siyazi ukuthi kukhona izikhathi lapho sizoba nokudumala obuphula inhliziyo, ngesikhathi sidabuka, futhi ngesikhathi sihlolwa kuze kube yisemkhawulweni wethu. Kepha, ubunzima obunje kusivumela ukuba sishintshela ukuba ngcono, siphinde sakhe izimpilo zethu ngale ndlela uBaba wethu waseZulwini asifundisa ngayo, futhi ukuba sibe yinto ehlukile kunalokhu ebesiyikona—sibe ngcono kunalokho ebesiyikona, sibe nokuqondisisa okwandile kunalokho ekade sinakho, sibe nozwelo olwandile kunalolo ebisinalo, sibe nobufakazi obunamandla ngaphezu kwalokho ekade sinakho.

Lokhu kumele kube yinhloso yethu— ukuba siphikelele futhi sibekezele, yebo, kepha futhi silungelelwe ngokomoya ongcwele njengoba sidlula ekukhanyeni kwelanga

nasendabukweni. Ukuba asinazo izivivinyo okumele sizinqobe nezinga okumele sizixazulule, ngabe sihlala njengoba sinje, sinencane noma singanayo nhlobo intuthuko enhlosweni yethu yempilo engunaphakade. Imbongi yadlulisa umcabango ofanayo kula mazwi:

*Ukhuni alikhuli kalula,
Ubukhulu kwamandla omoya,
ubukhulu kwamandla
ezihlahla.
Izulu uma likude, ubude balo
bukhulu.
Ukwanda kwezivunguungu,
ukwanda kwamandla.
Ngelanga nokubanda, ngokunetha
nangeqhwa,
Ezihlahleni nasebantwini, ukhuni
ohuhle liyakhula.⁸*

NguMfundisi kuphela owazi ukujula kobunzima bethu, izinhlungu zethu, nokuhlupheka kwethu. UYena yedwa osinikeza ukuthula kwaphakade ngesikhathi sobunzima. UYena yedwa othinta imiphefumulo yethu ehlukumezekile ngamazwi akhe aduduzayo:

“Zanini kimi nina, nonke enikhatheleyo futhi enisindwayo, mina ngizakuninika ukuphumula.”

“Bekani ijoka lami phezu kwenu, nifunde ngami; ngokuba ngimnene futhi ngithobile ngenhliziyo: nizakuthola ukuphumula emiphefumulweni yenu.

“Ngokuba ijoka lami lihle, nomthwalo wami ulula.”⁹

Noma kuyisikhathi esihle kakhulu noma esibi kakhulu, Yena ukanye

nathi. Usithembisile ukuthi lokhu akusoze kwashintsha.

Bafowethu kanye nodade bami, masibe nokuzinikela kuBaba wethu waseZulwini okungabambeki futhi kudedeleke neminyaka noma nezinkinga zezimpilo zethu. Akumele sidlule ebunzimeni ukuze Yena simkhumbule, futhi akumele siqhutshwe ekufikeni kokuzotha ngaphambi kokuba sinikeze Yena ukholo lwethu nethemba lethu.

Make sizame njalo ukuba seduzane kukaBaba wethu waseZulwini Ukwenzela njalo, kumele sithandaze kuYena futhi simulalele zonke izinsuku. Siyamudinga ngempela njalo ngehora, noma yingabe ngamahora okukhanya kwelanga noma emvula. Isithembiso Sakhe masihlezi sisibhekile: ““Angeke ngakuphoxa, Angeke ngakushiya”¹⁰

Ngamandla omphefumulo wami wonke, ngiyafakaza ukuthi uNkulunkulu uyaphila futhi uyasithanda, nokuthi iNdodana Yakhe eZelwe Yodwa yaphila futhi yafela thina, nokuthi ivangeli likaJesu Kristu yilesi sibani esingena sikhazimule ebunmyameni bezimpilo zethu. Make kube njalo, ngiyathandaza egameni elingcwele likaJesu Kristu, amen.

AMANOTHI

1. uJeremiya 8:22.
2. uJobe 5:7.
3. uJobe 1:1 .
4. uJobe 2:9.
5. uJobe 16:19.
6. uJobe 19:25.
7. uJoshuwa 1:5.
8. uDouglas Malloch, “Good Timber,” kuSterling W. Sill, *Making the Most of Yourself*
9. uMatewu 11:28–30.
10. uJoshuwa 1:5.

Ukufundisa kweSikhathi Sethu

Izifundo ngeSonto lesine zobu-Pristi bukaMelkhezede kanye Nenhlango Yabesimame Yenkululeko izonikezelwa ku “Ukufundiswa kweSikhathi Sethu.” Isifundo ngasinye singalungiselelwa ukusukela enkulumeni eyodwa noma eziningi ezinikeziwe eduzane nje kwinkomfa kawonkewonke. Omongameli beSteki nabe-sifunda bangakhetha ukuthi eziphi izinkulumo abangazisebenzisa, noma bangakhetha ukunikeza obhishobhu kanye nabomongameli begatsha umsebenzi. Abaholi kumele bagcizelele ubungakho babafowethu bobuPristi buka Melkhezede kanye nabodade Benhlango Yabesimame Yenkululeko ukuba bafunde izinkulumo ezifanayo ngamasonto afanayo.

Labo abeza ngeSonto lesine bakhuthazwa ukuba bafunde balethe ekilasini umshicilelo wephepha bhuku wamuva nje wenkomfa kawonkewonke.

Iziboniso uma ulungiselela Isifundo esivela eZinkulumweni

Khulekela ukuthi uMoya Oyingcwele ube nawe ngenkathi ufunda futhi ufundisa (izi) inkulumo. Ungahle ulingele ukulungiselela

isifundo ngokusebenzisa ezinye izinto, kepha izinkulumo zenkomfa izifundo eziyinxenye yezifundo ezikhethiwe ukuba zifundiswe. Umsebenzi wakho ukusiza abanye bafunde futhi baphile ivangeli njengoba lifundiswe kwinkomfa kawonkewonke yamuva nje yeBandla.

Bukisisa izinkulumo, ubheke imithetho kanye nemfundiso yobuKrestu leyo ehlangabezana nezidingo zamalungu ekilasini. Futhi funa izinganekwane, ubheke imiboniso esemibhalweni engcwele kanye nezifundiso ezivela kwi (izi) inkulumo zekomfa ezizokusiza ukuba ufundise lamaqiniso.

Ketha indlela leyo ozokufundisa ngayo imithetho kanye nezifundiso zobukrestu. Cabanga ngemibuzo ezosiza amalungu ekilasi:

- Bheka imithetho kanye nezifundiso zobukristu (ezi) enkulumeni.
- Cabanga ngokuthi zisho ukuthini.
- Yabelana ngemiqondo ezwakalayo, ngokwaziyo, kanye nobufakazi.
- Sebenzisa lemithetho kanye nemfundiso yobukristu ezimpilweni zabo.

IZIFUNDO ZEZINYANGA ZIYAFUNDISWA	IZINTO ZESIFUNDO SESONTO LESINE
uOkthoba 2013–uApril 2014	Izinkulumo ezinikeziwe kwinkomfa kawonkewonke kaOkthoba 2013*
uApril 2014–uOkthoba 2014	Izinkulumo ezinikeziwe kwinkomfa kawonkewonke kaApril 2014*

* KuApril kanye noOkthoba izifundo ezine-zangesonto, (izi) inkulumo zingakhethwa kwinkomfa edlulile noma yamuva nje. Lezi zinkulumo zitholakala ngamalimi ahlukahlukene kwaconference.lds.org.



NguMongameli Dieter F. Uchtdorf
Ikhansela Lesibili KubuMongameli Bokuqala

Woza, Hlanganyela Nathi

Noma ngabe isimo sakho sinjani, umlando wakho, noma ukuqina kobufakazi bakho, kukhona isikhala sakho kuleli Bandla.

Kwake kwaba khona indoda eyaphupha ukuthi yayiseholweni elikhulu lapho zonke izinkolo ezazihlanganyele khona. Wabona ukuthi inkolo ngayinye yayithandeka futhi ifanele.

Wahlangana nezithandani ezazi-mele iBandla likaJesu Kristu laba-Ngcwele Bezinsuku Zokugcina wase ebuza, “Yini eniyi dingayo kumalungu enu?”

“Thina asidingi lutho,” baphe-ndula. “KodwaiNkosi icela ukuthi sinikele konke,”

Izithandani zaqhubeka zachaza ngobizo eBandleni, ukufundisa ngokuvakasha emakhaya, abafundisi bezenkolo ngokuphelele, isikhathi somndeni ekhaya njalo nagamasonto, umsebenzi ethempelini, inhlalakahle nomsebenzi womthandabantu, nomsebenzi wokufundisa.

“Niyabakhokhela abantu benu ngomsebenzi abawenzayo?” indoda yabuza.

“Cha bo,” izithandani zachaza. “Banikela ngesikhathi sabo mahhala.”

“Futhi,” izithandani zaqhubeka, “njalo ezinyangeni eziwu-6 iBandla lethu lichitha impelasonto lihamba noma libuka amahora awu-10 enko-mfa kawonkewonke.”

“Amahora ayishumi abantu abanikeza izinkulumo?” indoda yazibuza.

“Izinkonzo zenu ngesonto zona? Zinde kangakanani?”

“Amahora amathathu, njalo ngeSonto!”

“We, mina,” kwasho indoda. “Abazwane benu bayakwenza ngempela lokhu okushilo?”

“Lokho nokunye, “Asikakabali ngisho nomlando womndeni, izinkampu zentsha, ukukhonza, ukufundwa kwezincwadi ezingcwele, ukuqeqeshwa kwabaholi, iseminari yasekuseni kakhulu, ukunakekela izindlu zeSonto, futhi kukhona umthetho wempilo kaNkulunkulu, ukuzila

ukudla izinyanga zonke ukuze sisize abampofu, neminikelo.”

Indoda yathi, “Manje sengididekile. Yingani umuntu angafuna ukujoyina ibandla elinje?”

Izithandani zamamatheka futhi zathi, “Besicabanga ukuthi awusoze wabuza.”

Yingani Umuntu Engajoyina iBandla elinje?

Esikhathini lapho amasonto amaningi emhlabeni jikelele ehlangabezana nokwehla okubonakalayo ezinombolweni, iBandla likaJesu Kristu labaNgcwele Bezinsuku Zokugcina—noma lincane uma liqhathaniswa namanye amaningi—lingamanye lamasonto akhula ngokushesha kakhulu emhlabeni. Kusukela ngo-Septemba 2013 iBandla linamalunga angaphezu kwezigidi ezingu-15 emhlabeni wonke.

Ziningi izizathu zalokhu, kepha nginganikeza ezimbalwa?

iBandla LikaMsindisi

Okukuqala, leli iBandla labuyiswa ezinsukwini zethu nguJesu Kristu ngoKwakhe. Lapha uzothola imvumo yokusebenza ngegama Lakhe—yokubhabhadiselwa ukuthethelelwa kwezono, yokunikeza isipho soMoya oNgcwele, neyokuhlanganisa emhlabeni nasezulwini.¹

Labo abajoyina leliBandla bathanda uMsindisi uJesu Kristu futhi bafisa ukulandela Yena. Bayajabula ngolwazi lokuthi uNkulunkulu uphinde akhulume kanye nabantu. Ngesikhathi bethola izimiso zobupristi ezingcwele futhi benze izithembiso ezingcwele kanye noNkulunkulu, bayakhona ukuzwa amandla Akhe

ezimpilweni zabo.² Ngesikhathi bengena ethempelini elingcwele, bayezwa ukuthi Unabo. Ngesikhathi befunda imibhalo engcwele³ futhi bephila izimfundiso zabaProfethi Bakhe, bayasondela maduzane kanye noMsindisi abamuthanda kakhulu.

Ukholo Olusebenzayo

Esinye isizathu ukuthi iBandla linekezana ngamathuba okwenza okuhle.

Ukukholelwa kuNkulunkulu kuyancomeka, kodwa iningi labantu lifuna ukwenza okungaphezulu kokulalela izintshumayelo ezivuselelayo noma bephuphe ngezindlu zabo ezingaphezulu.⁴ Bafuna ukufaka ukholo lwabo ekusebenzeni. Bafuna ukugoqa imikhono futhi bazibandakanye kulomsebenzi omuhle.

Futhi yilokho ekwenzakalayo ngesikhathi behlanganyela nathi—baba namathuba amaningi okuguqula amakhono abo, isihawu, nesikhathi ekwenzeni imisebenzi emihle. Ngoba asinabo abaholi abakhokhelwayo emabandleni ethu emhlabeni jikelele, amalungu ethu enza umsebenzi wokushumayela ngokwabo. Babizwa ngokugququzelelwa. Ngezinye izikhathi siyazinikela; ngezinye izikhathi siya⁵“nikelwa.” Sibona imisebenzi hhayi njengemithwalo kepha njengamathuba okugcina izethembiso esizenza ngokujabula ukuze sisebenzele uNkulunkulu kanye nabantwana Bakhe.

Izibusiso Ezingamagugu

Isizathu sesithathu sokuba abantu bajoyine iBandla yingoba ukuhamba indlela yobufundi kuholela ezibusisweni eziyigugu.

Sibona ukubhabhadiswa njenge ndawo yokuqala kohambo lwethu lobunceku. Uhambo lwethu lansuku zonke noJesu Kristu luholela oxolweni nasenhlosweni kule mpilo nasentokozweni yangempela nokusindiswa okungunaphakade emhlabeni ozayo.

Labo abalandela lendlela ngokukholwa bagwema izingozi eziningi, izinsizi, nokuzisola empilweni.

Labo abaswele ngokomoya ongcwele futhi abathembekile

ngokwehliziyo bathola umcebo wolwazi khona lapha.

Laba abahluphekileyo noma abadabukileyo bathola ukulapheka khona lapha.

Laba abathwesiwe ngezono bazothola ukuthethelelwa, inkululeko, kanye nokuphumula.

Kulabo Abashiyayo

Ukucinga iqiniso sekulethe izigidi zabantu eBandleni likaJesu Kristu labaNgcwele Bezisuku Zokugcina. Kepha, kukhona abalishiyayo iBandla abake balithanda.

Oyedwa kungenzaka ebuze, “Uma ivangeli lilihle kangaka, yini engenza umuntu ahambe?”

Ngezinye izikhathi sicabanga ukuthi yingoba baphatheke kabi, noma bayavilapha, noma banezono. Empeleni, akukho lula kanjalo. Empeleni, akukho sizathu esisodwa nje esifanele izimo ezahlukahlukene.

Amanye amalungu ethu athandekayo alwa iminyaka nombuzo wokuba kumele bazihlukanise kanye neBandla.

Kuleli Sonto elihlonipha ukukhetha komuntu kakhulu kanje, elabuyiswa umfana omncane owabuza imibuzo wafuna izimpendulo, siyabahlonipha labo abacinga iqiniso ngokuthembeka. Kungase kuphule izinhliziyi zethu ngesikhathi uhambo lwabo lubasusa eSontweni esilithandayo neqiniso esesilitholile, kepha siyalihlonipha ilungelo lwabo lokudumisa iNkosi uSomandla ngokubona kwanembeza wabo, njengoba nathi senza njalo.⁵

Imibuzo Engaphenduliwe

Abanye balwa nemibuzo engaphenduliwe ngezinto ezenziwe noma ezishiwo esikhathini esidlulileyo. Siyavuma ngokuvulekile ukuthi eminyakeni ecise ibe ngu-200 womlando weSonto—nolayini ongaphazamiswe wezigameko ezifunzelelwe, eziqotho nezingcwele,—kube khona izinto ezithize ezishiwo futh ezenziwe ezingenza abantu bengabaze.

Ngezinye izikhathi imibuzo iyaqhamuka ngoba ngokulula asinakho

konke ukwaziswa futhi sidinga isineke esandile kancane nje. Ngesikhathi iqiniso lonke selaziwa, izinto ebezingacacile kuthina ekuqaleni sizoxazululwa size saneliseke.

Ngezinye izikhathi kukhona omunye umbono ekutheni “amaqiniso” achaza ukuthini empeleni. Umbuzo oletha ukungabaza kwabanye, emuva kokuphenya ngesineke, ungakha ukholo kwabanye.

Amaphutha Abantu Abangahlabahlolisile

Futhi, ukusho ngokuqondisa, kube khona izikhathi lapho abazalwane noma abaholi beSonto bevele benza amaphutha. Kungabe kukhona izinto ezishiwo noma ezenziwe ezingahambisani nokulunga. nemigomo, noma nezimfundiso zethu.

Ngiyacabanga iSonto lingahlabahlolisile uma kuwukuthi liphelelwe ngabantu abahlabahlolisile. UNkulunkulu Uhlabahlolisile, futhi izimfundiso Zakhe zimsulwa. Kodwa usebenza ngathi— abantwana Bakhe abangahlabahlolisile, kanti abantu abangahlabahlolisile benza amaphutha.

Ekhasini lobizo leNcwadi kaMormoni sifunda, “Futhi manje, uma kukhona izinsolo kungamaphutha abantu; ngalokho-ke, ungazeyi izinto zikaNkulunkulu, ukuze wena kumbe utholakale ungenabala esihlalweni sokwahlulela sikaKristu.”⁶

Yile indlela okwakuhlezi kunjalo futhi okuzohlala kunjalo kuze kuba yilolo suku olumsulwa ngesikhathi uJesu Kristu esebusa Yena lapha emhlabeni.

Kuyishwa ukuthi abanye seabakhubeka ngenxa yamaphutha enziwe ngabantu. Kodwa noma kunjalo, iqiniso langunaphakade levangeli elibuyisiwe elitholwa eBandleni likaJesu Kristu labaNgcwele Lezinsuku Zokugcina alingcolisiwe, alinciphile, alibhujisiwe.

NjengomPostoli weNkosi uJesu Kristu futhi njengoyedwa oseke wabona imikhandlu nokusebenza kweSonto, ngibeka ubufakazi beqiniso ukuthi asikho isinqumo esibalulekile esithinta leliBandla noma amalungu

alo esenzwe ngaphandle kokufuna ugqozo, ukweluleka, nemvumo kaBaba wethu waseZulwini. Leli iBandla lika Jesu Kristu. UNkulunkulu ngeke avumele iBandla Lakhe lisuke endleleni elibekwe kuyona noma lihluleke ukufeza ubizo olungcwele.

Sikhona Isikhala Sakho

Kulabo asebezihlukanisile kanye neBandla, ngithi, bangani bami abathandekileyo, kusekhona isikhala senu lapha.

Wozani nizongeza ngamakhono enu, izipho, namandla enu kulawo ethu. Sizoba ngcono sonke ngomphumela.

Abanye bangabuza, “Kodwa ukungabaza kwami kona?”

Kulindelekile ukuba nemibuzo— inhlamvu yokubuza ngokuthembeka imile kaningi futhi yakhula yaba isihlahla esikhulu sokuqonda. Khona amalungu ambalwa eBandla angakaze, ngesikhathi esisodwa noma esinye, elwe nemibuzo ebalulekile noma enozwelo. Enye yezinjongo zeBandla ukunakekela nokulima inhlamvu yokholo—ngisho nasenhlambathini yobungabaza nokungaqinisekiseki ngezinye izikhathi. Ukholo ukwethemba kwezinto lezo ezingabonakaliyo, lezo eziyiqiniso.⁷

Ngakho-ke, bafowethu nodadethu—bangani bami abathandekileyo—ngiyacela, qalani ngokungabaza ungangabaza kwenu ngaphambi kokuba ningabaze ukholo lwenu.⁸ Akumele sivumele ukungabaza kusibambe njengeziboshwa futhi kususise othandweni olungcwele, kuxolo, naseziphweni eziqhamuka ngokholo eNkosini uJesu Kristu.

Abanye bangathi, “Angilingani nani nina bantu abaseBandleni.”

Uma ungabona ngaphakathi kwezinhlizyo zethu, cishe ungathola ukuthi ulingana kangcono kunalokhu okucabangayo. Ungamangala ukuthola ukuthi sinezifiso nobunzima namathemba acishe afane nawakho. Umlando wakho nokukhula kwakho kungabukeka kuhlukile kunalokhu

okubona kwamaKholwa eziNsuku Zokucina, kodwa lokho kungaba yisibusiso. Bafowethu kanye nodadethu, bangani abathandekileyo, siyawadinga amakhono nokubona kwenu okuhlukile. Ukungafani kwabantu umhlaba wonke kungamandla aleli Bandla.

Abanye bangathi, “Angiboni ukuthi ngingakwazi ukuphila imithetho yenu.”

Okuyisona isizathu kakhulu sokuthi uze! IBandla lakhiwe ukondla abangahlabahlosile, abazamayo, futhi nabakhathele. Ligcwele abantu abafisangenzihliziyo zabo zonke ukugcina imithetho, noma bengakabi *umpetha* kuyona.

Abanye bangathi, “Kukhona ilungu leBandla lenu engilaziyo elingumzencisi. Angisoze ngajoyina ibandla lelo elinomuntu oyilungu onjengaye.”

Uma uchaza *umzencisi* njengomuntu ohlulekayo ukuphila ngokuhlabahlosile lokho akukholwayo, kusho ukuthi sonke singomzencisi. Akekho owethu ofana njengoKristu njengoba sazi kumele sibe. Kepha siyafuna ngempela ukunqoba amaphutha ethu nokujwayela ukona. Ngezinhliziyo nemiphefumulo yethu, siyafisa ukuba ngcono ngosizo lokuHlawulelwa kukaJesu Kristu.

Uma lokhu kuyizifiso zakho, kusho ukuthi noma ngabe zinjani izimo zakho, umlando wakho, noma ukuqina kobufakazi bakho, sikhona isikhala sakho kuleliBandla. Woza, hlanganyela nathi!

Woza, Hlanganyela Nathi!

Ngisho noma singahlabahlosile njengabantu, ngiyaqinisekisa ukuthi uzothola kumalungu aleli Bandla imiphefumulo eminingi elungileyo lapha emhlabeni. IBandla lika Jesu Kristu kungathi liheha abanomusa futhi abakhathalelayo, abathembekile kanye nalabo abasebenza kanzima.

Uma ulindele ukuthola abantu abahlabahlosile lapha, uzophoxeka. Kodwa uma ufuna izimfundiso zikaJesu Kristu ezimsulwa, izwi likaNkulunkulu

eli “pholisa umphefumulo olimeleyo”⁹ nomthelela wokuhlaza kaMoya oyi-Ngcwele, yilapha ozakuthola khona. Kulesikhathi sokholo olunciphayo—kulesikhathi abanengi bezizwe bekude nokugonwa kwasezulwini—lapha uzothola abantu abafisayo ukwazi futhi ukusondelana noMsindisi wabo ngokusebenzela uNkulunkulu nabanye, njengawe nje. Woza, hlanganyela nathi!

Nani Nizakuhamba Na?

Ngikhumbula isikhathi empilweni kaJesu Kristu lapho abanengi bamulahlala.¹⁰ uJesu wabuza abefundisi abayishumi nambili:

“Nani Nizakuhamba na?”

“USimoni Peter wamphendula wathi, Nkosi, siyakuya kubani na? amazwi okuphila okuphakade akuwe.”¹¹

Kukhona izikhathi lapho nathi kumele siphendule umbuzo ofanayo. Nani nizakuhamba na? Noma sizo, njengoPeter, bambelela kakhulu emazwini okuphila okunganaphakade.

Uma ubheka iqiniso, ingqondo, nendlela yokuguqula ukholo lwakho libe yisenzo, uma ufuna indawo yokwamukelwa: Woza, hlanganyela nathi!

Uma usulishiyile ukholo owake walamukela: Buya futhi. Hlanganyela nathi!

Uma ulingeka ukuba ushiye: Hlala isikhashana. Sikhona isikhala sakho lapha.

Nginxusa bonke abezwa noma abafunda lamagama lawa: Woza, hlanganyela nathi. Woza uzolalela ubizo lukaKristu Omnene. Thatha isiphambano sakho umlandele.¹²

Woza, hlanganyela nathi! Ngoba lapha uzakuthola okungamagugu adlula intengiso.

Ngiyafakaza ukuthi lapha uzothola amazwi okuphila okungunaphakade, isithembiso sokusindiswa okubusi-siwe futhi nendlela eya kuxolo kanye nenjabulo.

Ngithandaza kakhulu ukuba ukucinga kwakho iqiniso kuzobonakaliswa enhliziyweni yakho ukufisa ukuza uzohlanganyela nathi. Egameni elingcwele likaJesu Kristu, amen.

AMANOTHI

1. Bona uMatewu 16:18–19; uHelemani 10:17.
2. Bona Imfundiso kanye Nezivumelwano 84:20.
3. Bona uNifayi 33:10.
4. Bona “Ngikwenzile Yini Okuhle Na?”
Amahubo, nombolo. 223.
5. Bona Izici zeNkolo 1:11.
6. Ekhasini lobizo eNcwadini kaMormoni; bona uMormoni 8:17.
7. Bona AmaHeberu 11:1; uAlma 32:21.
8. Bona uF. F. Bosworth, *Christ the Healer* (1924), 23.
9. uJakobe 2:8.
10. Bona uJohane 6:66.
11. uJohane 6:67–68.
12. Bona uMatewu 16:24.

© 2013 by Intellectual Reserve, Inc. All rights reserved. Printed in USA. Isingisi esivunyelwe: 6/13. Ukuhumusha okuvunyiwe: 6/13. Ukuhumushwa ko *Visiting Teaching Message, November 2013*. Zulu. 10671 783